**IMIYALELO YABAHLOLWAYO**

1.Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU

ISIQEPHU A : Isivivinyo sokuqondisisa (30)

ISIQEPHU B : Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

6. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho

7. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:

ISIQEPHU A : Imizuzu engama - 50

ISIQEPHU B : Imizuzu engama - 20

ISIQEPHU C : Imizuzu engama – 50

8.Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO A : OFUNDWAYO

**IZINGANE EZIHLALA EZITALADINI**

1 Izingane ezihlala ezitaladini (street kids) ziyinkinga yethu sonke. Emadolobheni lezi zingane ziningi kakhulu futhi zibonakala noma kuphi zigqoke izingubo ezingcolile. Lezi zingane zibizwa ngezingane zasesitaladini ngoba zihlala khona futhi ziphinde zihlale nasezindaweni zokupaka izimoto. Isimo sezulu yisona esishoyo ukuthi zingalala kuphi. Uma uzibuka ungacabanga ukuthi ukubanda kosimende azikuzwa ngesikhathi sasebusika njengoba uzithola zilele phansi. Uma wedlula zilele ungacabanga ukuthi sezifile kanti zidla obudala ubuthongo lobu. Okumangalisayo ukuthi manje sekukhona nezamantombazane nazo esezihlala ezitaladini.

2 Ezinye uzibona zigqoke amapulastiki zibuye ziphathe amabhodlelana amapulastiki ahlala njalo esemlonyeni okwengane incela idamu. Kula mabhodlela amapulastiki kusuke kukhona i-glue. Zibhema yona phela, ungaze ucabange ukuthi iwukudla kwazo kwansuku zonke. Zikhona nezinye izidakamizwa ezizibhemayo. Phela kulezi zingane akulula ukuthola ukudla. Abantu abaningi abazizweli ngoba abazi ukuthi zixoshwa yini emakhaya azo. Ezinye zazo zibuye zibe nokuganga ezikwenza kulabo abahamba ngezimoto nalaba abahamba ngezinyawo
emgwaqeni.

3 Kukhona abacabanga ukuthi ukuhlala kwalezi zingane emgwaqeni kwenziwa ubandlululo olwalukhona kuleli zwe, udlame emalokishini ethu, ukungaziphathi kahle kwabantu emphakathini kanye nokwehlukana kwemindeni. Akwaziwa-ke ukuthi yikuphi okuyiqiniso njengoba isibalo sezingane ezingondingasithebeni sikhula ngokukhulu ukushesha okunje. Amanye amadolobha azama ukulungisa lesi simo ngokuba abe nezindawo lapho kugcinwa khona lezi zingane. Eziningi zalezi zingane yilezo ezineminyaka ephakathi kweyi-12 kuya kweyi-16. Kubakhona nezinye ezineminyaka engaphansi kweyi-12. Kuthiwa izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-12 ziyayilalela imithetho neziyalo kulezi zindawo ezigcinwa kuzo, kodwa lezo ezineminyaka engaphezu kwalokhu ziyishaya indiva imithetho futhi azihloniphi. Kufanele kube ngumsebenzi kaHulumeni ukulungisa le nkinga kodwa nomphakathi kufanele kube khona okwenzayo.

4 UMnyango WezeMpilo ukhathazeke kakhulu ngale nkinga. Wona lo mnyango ubiza imihlangano, umeme nezinhlangano ezizimele ukuba kuzanywe ezinye izinhlelo ezingalungisa le nkinga. Olunye uhlelo okuthiwa lungasiza ekulungiseni le nkinga ukufundisa lezi zingane imisebenzi yamakhono ukuze zithole imisebenzi kalula. Elinye isu/icebo ukuba kwakhiwe izindawo lapho zingahlala khona ukuze zifundiswe njengezinye izingane.UMnyango wezeNhlalakahle uzama ukwenza izinhlelo (programmes) zokuthuthukisa amakhono alezi zingane ezihlala emgwaqeni. Lo Mnyango ufuna ukufundisa lezi zingane amathalente kwezemidlalo kanye nomculo.

5 Minyaka yonke lo Mnyango wenza umncintiswano (competition) lapho kumenywa khona izingane zasezitaladini kanye nalezo ezihlala emakhaya. Ngonyaka odlule ziyishumi izingane zasezitaladini ezithole ithuba lokuthuthukisa ithalente lazo kwezebhola lezinyawo eBrazil. Ezine zithole izikontileka (contracts) nenkampani yomculo u-Gallo Music ukuze zirekhode umculo eziziqambele wona. USechaba wodumo lomculo wokholo ungomunye wazo lezi zingane zasezitaladini owasizwa yilo Mnyango wezeNhlalakahle. Wamsiza ngokumtholela ikontileka yokurekhoda umculo wokholo kule nkampani yakwaGallo. Kuyaye kujabulise kwesinye isikhathi uma kuzwakala ukuthi kukhona omunye obehlala esitaladini osephumelele empilweni.

Lesi siqephu sicashunwe kwiphepha -Ilanga news

1.1.1 Izingane ezihlala kuphi lezi ekukhulunywa ngazo kulesi siqeshana? (1)

1.1.2 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo.

Indawo la izingane zasezitaladini ziningi khona

A) emakhaya

B) emajele

C) emadolobheni

D)Emijondolo (1)

1.1.3.Bhala IZIZATHU EZIMBILI ezenza abantu bangazizweli lezi zingane zasesitaladini. (2)

1.1.4 Nikeza umehluko wezingubeni zokugqoka phakathi kwezingane zasezitaladini nezi ngane ezihlala emakubo. (2)

1.1.5 Fingqa ngephuzu Elilodwa okwenziwa izingane zasezitaladini emadolobheni ? (2)

1.1.6 Tomula umusho esigabeni 1 ositshela ukuthi lezi zingane azinayo inhlanzeko. (2)

1.1.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo

Lezo eziminyaka engaphezu kwalokhu **ziyishaya indiva** imithetho futhi azihloniphi

(2)

1.1.8 Bhala Ubuhle nobubi bokusiza izingane ezihlala ezitaladini.
(2)

1.1.9 Izidakamizwa zingayilimaza kanjani impilo yomuntu Bhala amaphuzu AMABILI.

(2)

1.1.10 Sizathu sini esenza ukuthi izingane ezihlala ezitaladini zibe ningi kunalezi ezitholakala emalokishini? (2)

1.1.11 Ngokwale ndaba iziphi izinyathelo ezithathwa UMnyango wezempilo ukulungisa le nkinga? (2)


1.1.12 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi impilo yale zingane zasezitaladini. ayisoze yashintsha? Sekela impendulo yakho (2)

1.1.13 Bhala OKUBILI okungenziwa abazali ukuze izingane zingangeni ezidakamizweni
.

(2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo

**UMBHALO B: OBUKWAYO**



1.2.1 . Bangaki abantu abakulo mbhalo B? (2)

1.2.2. Ngokucabanga kwakho kungani laba ababili bengalingani ngokwesisindo? (2)

1.2.3. Ukukhuluphala kakhulu kungaba namthelela muni empilweni yomuntu? (2)

[**30**]

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngokubaluleka kwezinja.

**IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele, amagama owasebenzisile angeqi/angadluli kwangama- 60.

2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku- 1 kuya kweye – 7

3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.

4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C: (OFUNDWAYO)**

### UKUBALULEKA KWEZINJA

Inja ingumngani weqiniso kumnikazi wayo, iyamazi ngisho ephakathi kwabantu abaningi. Umnikazi wayo uma evelelwa yingozi iyakhonkotha ukuze babone abanye abantu ukuthi kukhona inkinga ekhona banikeze usizo.

Amaphoyisa ayazisebenzisa izinja ukufuna umuntu olahlekile. Ziyaye zinukiswe impahla yalowo muntu olahlekile khona zizolazi iphunga lakhe. Ziyasetshenziswa futhi nokuhogela izidakamizwa kubantu nasezimpahleni. Izinja ezifundiswe kahle zikwazi ukuhogela izidakamizwa kanye namabhomu.

Imizi eminingi ifuye izinja ukuze zigade amakhaya angagqekezwa kalula. Kukhona izinja eziluma ngempela, isigebengu singacabangi ngisho ukungena kulowo muzi.

Izinja ziwusizo olukhulu emphakathini kubantu abangaboni emehlweni, abayizimpumputhe. Lezi zinja ziyafundiswa ukuze zikwazi ukusiza loyo ongaboni. Umuntu ongaboni emehlweni akehlukani nenja yakhe, baba ngamathe nolimi. Iyamsiza uma esengozini.

Kukhona ezifundiswa ukuthunywa njengabantu. Uma kufika incwadi yeposi noma iphephandaba ziyalilanda zililethe endlini. Ezinye ziqoqa izinto zizibeke ezindaweni zazo.

Kukhona izinja ezaziwa ngokuhlakanipha ezibizwa ngokuthi ama-German Shepherd. Abanye bahlanganisa olunye uhlobo nalezi ezihlakaniphile ukuze zizalane zande. Lokhu kuyasiza ngoba aluluningi lolu hlobo lwezinja ezihlakaniphile. Lezi zinja ziyakwazi ukubamba inyamazane noma unogwaja

Kubalulekile ukuthi izinja zinakekelwe kahle, uma zigula ziyiswe kodokotela bazo ukuze ziphile isikhathi eside. Izinja zifana nelungu lomndeni ngoba zihlale zihlezi eduze kwethu.

Lombhalo ucashunwe ephepheni elidala

[**10**]

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**Bukisisa umbhalo D bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**UMBUZO 3**

**UMBHALO D: (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**IZINDLU! IZINDLU! IZINDLU!**

**THOLI' IKHAYA HOMES**

**ZICOSHWA PHANSI IZINDLU EMTHUNZINI!**

Usukhathele ukurenta?
Uhola imali engaphezu kwezinkulungwane ezi-R5 500.00 ngenyanga?

Woza kwaThol' Ikhaya uzozitholela elakho ikhaya!

**ETHOL' IKHAYA HOMES SAKHA IZINDLU:**

Ezinamakelo ama-2 amakhulu okulala, ikhishi nendlu yokuphumula.
Zisukela ezinkulungwaneni ezi-R200 000.

Ziseduze nezikole nenxanxathela yezitolo.

Izinto zokuhamba zitholakala kalula.

**PHUTHUMA! PHUTHUMA! PHUTHUMA! UNGAPHUTHELWA!**



**Sithinte:**
**87 Solo Road**
**Mthunzini**
**083 876 8696**
**032 392 8729**
**tholkhaya@gmail.com**

Imithetho Nemibandela
Asibadayiseli abanamagama amabi ebhange.

[Isithombe sicashunwe ku-www.googlepicture.com]

3.1 Yini ekhangiswa kulesi sikhangiso? (1)

3.2 Kungani imigomo nemibandela ibhalwa ngamagama amancane? (2)

3.3 Hlobo luni lwebizo elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Ethol' **ikhaya** homes sakha izindlu. (2)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo:

Umusho othi: 'Zicoshwa phansi izindlu eMthunzini!' uqukethe ulimi:

A Olukhohlisayo.

B Oluncengayo.

C Olubandlululayo .

D Olukhombisa indelelo. (1)

3.5 Bhala OKUBILI ngokwesikhangiso okungenza Umuntu afise ukwakhelwa I Tholi ' ikhaya homes indlu. (2)

3.6 Sitshengiselweni isithombe sendlu kulesi sikhangiso? (2)

**[10]**

**UMUBUZO 4:**

**Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela**

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Ithathwe ku-Internet]

4.1 Ikuphi okungajwayeleki okwenziwa yinja? (1)

4.2. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza isikhathi

7 PM

A) ihora leshumi ebusuku
B) Ihora lesikhombisa ebusuku
C) Ihora lesishagalombili ebusuku
D) Ihora lesi thupha ebusuku (1)

4.3. Abantu abaku le khathuni bana buphi ubuhlobo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.4. Phawula ngobudedengu obenziwa yilo muntu wesifazane kule khathuni. (2)

4.5. Ngombono wakho kumele yini izinja zihlale endlini? Sekela impendulo yakho (2)

4.6 Bhala OKUBILI okuhle ngama sophi. (2)

[**10**]

**UMBUZO 5**

Fundisisa Umbhalo F bese uphendula imibuzo ezolandela

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

Uma ithuba livela kungenzeka amhambise eyunivesithi ngemoto . Konke lokhu ukwenza ngenxa ya Snalo. Phela akafani nezikhohlakali ezindala. Bayahlupha impela manje obaba.. UMpiyakhe uwubaba oqotho ngoba obaba abaningi abayona ingxenye yempilo yezingane zabo. uSnalo ufunda iphephandaba kuduma ikhanda uma ebona ukubiza kwama lephuthophi . Yize imoto ka Mpiyakhe isindala unethemba ukuthi bazofika eyunivesithi noma Bengafika phakathi kwamabili.

5.1. Bhala izigaba zamabizo ezitholakala ngezansi.

5.1.1. Ithuba. (1)

5.1.2 obaba. (1)

5.2. Gagula uhlobo lwamabizo angenzansi bese ulisebenzisa emushweni.

5.2.1 Iphephandaba. (2)

5.2.2 Ilephuthophu (2)

5.3 Khulisa lamabizo angenzansi

5.3.1. imoto (1)

5.3.2. ikhanda (1)

5.4. Guqula lamagama angezansi abe igama elilodwa

5.4.1 ubaba kamama wakho (1)

5.4.2 . unkosikazi kaMalume wakho (1)

5.5 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo.


uMa ithuba livela kungenzeka amhambise eyunivesithi ngemoto, (2)

5.6 Sichaza ukuthini lesi simo sokukhuluma esilandelayo

Ukufika phakathi kwamabili. (2)

5. Bukisisa umbhalo G bese uphendula imibuzo ezolandela

**UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




5.7 Bhala OKUBILI okusikhombisa ukuthi lezi izingane zesikole. (2)

5.8 Inkulumo kaLwazi isho ukuthi ubefuna ukwenzani? (1)

5.9 Umuntu onjani obizwa ngempimpi? (2)

5.10 Bhala OKUKODWA okwenziwa abafundi abahlukumeza abanye Esikoleni ngaphandle kokubabhalisa umsebenzi wabo wesikole. (1)

**[20]**

**AMAMAKI ESWONKE: [80]**